

Ukwakha amathuba ezemfundo:

I-Experimento eNingizimu Afrika


Okwemfundo yezesayensi nobuchwepheshe kwanamuhla

Imfundu yesayensi nezobuchwepheshe kusemqoka emhlabeni wonke ukuze umuntu ngamunye akwazi ukuthola ithuba lokuthuthuka ekuphileni nakwezenhlalo futhi abandakanyeke kwezopolitiki. Ngakho-ke, endaweni yayo yokusebenzela kwezeMfundu, i-Siemens Stiftung ifuna ukuqinisa ezemfundo yesayensi nezobuchwepheshe emazweni ngamazwe. Kusukela ngo-2012, ibilokhu isebenzela ukwenza lokho ngohlelo Iwayo Iwezemfundo olubizwa ngokuthi i-Experimento eNingizimu Afrika. Injongo ukuqequesha othisha endleleni yokusebeniza i-Experimento futhi bathuthukise ukuqonda isayensi nezobuchwepheshe kubafundi.

I-Experimento inikeza othisha izihloko abangakhetha kuzo ezingokoqobo nezisekelwe ohlelweni lwemfundo ezintweni eziphathelene namandla, ezempilo nezemvelo. Izinto ezihlolwayo ezingu-130 zikhuthaza abafundi ukuba babhekane nezinto ezixhumene nezesayensi nezobuchwepheshe futhi babe nokuziphatha okusekelwe ezimisweni ezinhle. Experimento isekelwe esimisweni sokufunda ngokuzitholela izinto futhi isetshenziswa ezilimini ezine, emazwekazini amathathu nasemazweni ayishumi nanye. Ukusebelana ne-Experimento eminyakeni edlule kubonisa ukuthi othisha bangathola futhi badlulise ukuqonda okungcono kwesayensi nezobuchwepheshe. Lokhu kunomthelala omuhle ekufundiseni, kwenza ngcono ngendlela ebonakalayo amakhono abafundi okusebenza njengeqembu, futhi kube nomphumela wokuthi benze kangcono kakhulu ekuhlolweni kwabo.

Ukuvala igebe

I-Experimento iqinisekisa ukukhula okuqhubekayo olwazini kusuka enkulisa kuya kumatikuletsheni. Ukuze kube nokuqaliswa okuphumelelalo kohlelo Iwezemfundo ezikoleni zaseNingizimu Afrika, sibambisene nama-**Science Competence Center (ama-SCC) eGoli, eKapa, eThekwini naseMthatha**. Ngesikhathi esifanayo, i-Siemens Stiftung isebeza namayunivesithi neZikole zaseJalimane ekuhlanganiseni ngokuqondile umbono we-Experimento ohlelweni lokuqeleshwa kothisha.



Izakhi ezimbili zalolu hlelo zithuthukisa ukufundisa nokufunda:


■ **Ukuqeleshwa okwengeziwe kothisha bendawo: okusekelwe ekwenzeni ngoko-qobo futhi okuqinisekiswe yi-SACE**

Ukusetshenziswa kwe-Experimento ngeke kuphumelele ngaphandle kokusekelwa othisha abazimisele. Yingakho othisha benikezwu amawekhishophu ezindleleni ze-Experimento ezifundisayo nezihlaziyayo ikakhulukazi ezingqungqutheleni esezihuthukile. Badlulisela ulwazi lwabo kubafundi njengengxenye yokufundisa kwabo. Izingqungquthela ze-Experimento nazo ziye zaqinisekisa njengethulu zilokuqeleshwa okwengeziwe ngokuvumelana nezimfuneko ezibekwe ku-South African Council for Educators (SACE). Othisha abaya ezingqungqutheleni ze-Experimento e-University of Cape Town futhi baphase ngempumelelo ukuhlolwa bathola amaphoyinti aba ubufakazi bokuthi baqeleshwi abazowahambisa ku-SACE.

■ **Izinto zokusethenziswayo zamanje: Ezifanele uhlelo Iwemfundo nezifinyeleleka kalula**

I-Experimento ihlangabezana nezimfuneko zamuva ze-ajenda yezemfundo kaz-welonke. Ukufundisa kwayo nezinto zokufunda ezisezingeni eliphezulu kungena khaxa njengeqoqo elingaphansi lohlelo lokufunda IwaseNingizimu Afrika. Ukuze bonke abafundi bagqugquzelwe ngokuvumelana namakhono abo ngabanye ngangokunokwenzeka, izinto zokufundisa nokufunda ziyonikezwu ilayisensi mahhala njenge-Open Educational Resources (OER) futhi zitholakale ngephothali yezindaba ye-Siemens Stiftung. Besebenzisa iphothali yezindaba, othisha bangadawniloda futhi bahlele izinto zokufundisa ngendlela abathanda ngayo futhi bacobelelane ngazo nabanye.

<https://medienportal.siemens-stiftung.org>



Ukuze ihlangabezane nezimfuneko zokufundisa nokufunda eNingizimu Afrika, i-Siemens Stiftung isebeza ngokubambisana nalabo phathina bezemfundo abalandelayo.

- I-Sci Bono Discovery Centre
- I-University of Cape Town
- I-University of the Western Cape
- I-Walter Sisulu University

Xhumana no -

Siemens Stiftung

Rebecca Ottmann, Senior Project Manager Education Africa
Ucingo +49 9131 9207 915, Iselula: +49 174 15594 83
rebecca.ottmann@siemens-stiftung.org

Ukusiza abafundi bathole futhi baqonde uku-hlobana kwezesayensi nezobuchwepheshe:
Leyo indlela ephisekelwa i-Siemens Stiftung ngohlelo Iwayo Iwezemfundo Iwamazwe ngamazwe okuthiwa i-Experimento.

Njengenhlangano engenzi nzuko, sigqugquzelu ithuthuko yezenhlangano esimeme, encike ngendlela ebalulekile ekutholeni izinsizakalo eziyisisekelo, imfundu eseizingeni eliphezulu, nokuqonda isiko. Ngenxa yalokho, iphrekthi yomsebenzi wethu iyabasekela abantu ekuthatheni isinyathelo kuqala sokuthi ibhekellele ngendlela efanele izinselele zamanje. Sihlangene nophathina, sisungula futhi siqalise izixazululo nezinhlalo zokusekela lo mzamo, kukhona izinto zobuchwepheshe nezenhlalo ezsunguliwe ezsuke zidlala indima esemqoka. Izenzo zethu zihlangene futhi ziqhutshwa ngendlela esobala.